



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EHARIDING MHLAKA 07 AUGUST 2008**

Ngibanibingelela nonke

- Uhulumeni wethu usebenza akanzima ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iba ngephephile nengcono kubantu bonke. Kodwa inselelo esibhekene nayo ngukuthi phezu kokuzibophezela kwethu, sisaqhubeka nokulahlekelwa ngabantu emigwaqeni yethu.
- Ucwango luveza ukuthi iningi lezingozi lidalwa ngukuphulwa kwemithetho yomgwaqo. Lokhu kwenza kudingeke ngokushesha ukuthi kulungiswe isimo somqondo nendlela yokuziphatha kwabasebenzisa umgwaqo. Ibaelwa ku-R43 billion manje imali echitheka ngokufa nokulimala kwabantu ezingozini zomgwaqo.

- Lelizwe lilahlekelwa ngabantu ababalelwa ku-15 000 ngonyaka emigwaqeni. Yize kunemikhankaso eminingi yezokuphepha nokusabalaliswa kwamaphoyisa amaningi, kusenabashayeli nabahamba ngezinyawo abaningi abaqhubekayo nokubukela phansi ezokuphepha emgwaqeni. Ukuziphatha ngale ndlela kubeka engcupheni ukuphepha kwabanye abasebenzisa umgwaqo nezimpilo zabantu abaningi.
- Sisangawenza umehluko emigwaqeni yethu uma sibambisana sizibophezele sonke kwesikwenzayo. Njengabashayeli kumele siqikelele ikakhulukazi uma siphethe izimpilo zabantu. Njengabagibeli kumele siqikelele ukuthi sihamba ngezithuthi eziphephile ezisemthetweni, singazifaki thina ezimweni zokuhlukumezeka.
- Siyazi sonke ukuthi ijubane, ukushayela uphuzile, ukukhathala, ukusika okungaphephile, ukungahloniphi izimpawu zomgwaqo, ubudedengu, ukuwela umgwaqo kungaphephile, ukungashiya ibanga elanele lokulandelana, ukuphuza uhambe ngezinyawo emgwaqeni, ukunganakekelwa kahle kwemoto nokunye kungezinye zezimbangela zezingozi.
- Into embi ngalezi zingozi ngukuthi zibulala abantu abanesandla emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.

- Sithanda ukukhalisana nemindeni yalaba abasishiyile:
 1. Thembisile Zulu (39)
 2. Mvunyelwa Zulu (51)
 3. Thumani Zulu (40)
 4. Landiwe Cele (31)
 5. Thokozile Jama (46)
 6. Fikile Mthembu (33)
 7. Mzulelwa Gida (55)

- Sengiphetha, sihlale sisho ukuthi njengoHulumeni senza konke okusemandleni ukulekelela imindeni ngalezi zikhathi ezinzima. Masihloniphe imithetho yomgwaqo “SENZE OKUFANELE”

Ngiyabonga.